Ukuhlasela kwabelungu kwaZulu ngo 1879.

UKUQALA KOKUHLUPEKA.

Kute uba bayicite ci eyakwaZulu abelungu, kwase kuba ukweqa kwenkosi njalo, yatabata izinceku ezingengaki nomdhlunkulu otile, yesuka yabanga enyakato nalo elakwaZulu. Yangena ehlanzeni, amabuto ayiti tika kancane abuyela emuva, yahamba nabantu abayingcosana yaqonda kwelikaMnyamana kaNgqengelele undunankulu wezwe lakwaZulu, Yahamba yaya yafinyelela eNgome, entabeni eyihlati elikulu. Yafika seku izinsuku ihambe ingenisa ilala endhleleni ngoba kukude ukusuka emaHlabatini kuya eNgome. Yafika yangenisa kwomunye umzana olapo pakati kwehlati, yahlala kona. Po-ke abelungu babehambe betungata umkondo wokuhamba kwayo, baze bagcina ngokwahluleka ukuba ihambe yenzenjani. Babefika kwabanye abatile kuti noma beyibuzisisa kubo bayilandule, bengatandi ukuveza inkosi yakubo eziteni. Kwaze kwati ngesikati esitile nabo sebahlulekile, kwaya uMnyamana kubo abelungu eya kuyikulekela okuhle kubo noma isanyamalele, bafike bayibuzisisa kuye, waza wagcina ngokuyitshó lapo ikona. wabuye watumela usolo futi enkosini lokuti mayingetuki ngoba nseyivezile. Po-ke ehlatini lapo umzana usezansi pansi nokalo kuyehliwa uma kuyiwa kona. Abelungu sebepelezelwa ngumuntu otile, behla baza bayifumana lapo-ihlezi kona inkosi. Yabe ihlezi noMkosana kaZangqwana wakwaZungu, induna, nezinceku ezitile kanye nomdhlunkulu. Bafika bayitata-ke lapo kanye nalabo eyihlezi nabo, bayiyisa emzini wayo omkulu Ondini. Lapo-ke kwasekufika indun'enkulu yabelungu uSir Garnet Wolseley (owagcina ngokuba nguLord Wolseley) Uzwani-ke? Kwabutwa uZulu njalo lapo. Kwat'uba abutane uZulu, inkosi yashiya wonke umndhlunkulu kuZibhebhu kaMapita kaSojiza wakwa Zulu eyabe imetemba nempahla yonke yayo, kanye nomntanayo uDinuzulu, ukuba uZibhebhu aze ayibonisele ekanye noNdabuko (owelama yona inkosi endhlini kwabo.) Wakuluma-ke uSir Garnet etshela uZulu wati Nimbona nje niyamgcina, anisayikupinde nimbone futi." Yahamba-ke inkosi noMkosana nezinceku ezitile nomdhlunkulu (owabe ukunye nonina kaManzolwandhle, engakazalwa.) Bayitata abelungu baya kungena nayo elwandhle baya bayifikisa eCapetown lapo yafike yahlala kona yanikwa izindhlu ezakuhlala kuzo ezinye zanikwa uMkosana kaZangqwana, nezinceku nomdhlunkulu. Po-ke ifika lapo njalo uyise kade afika, uLangalibalele kaMtimkulu inkosi yamaHlubi, owaboshwa ngeze kwatiwa ub'ehlasela elwa nabelungu evukela umbuso ehlubuka. Inkosi ayifunelwanga umuzi wayo kude nokayise, babehlezi nje bakelene eduze. Ofundayo kuhle ati efunda abe eqonda ukuti asiyikulahlwa sibulawe singenzanga luto olubi; kafunde amazwi esihlabelelo sikaDavid(XXIII. 1-6). "Uyahwe uyangalusa; angiyikukuswela luto, Nanxa ngihamba esigodini setunzi lokufa angiyikwesaba luto olubi." Kwakute ngapambi kwokuhlasela kwabelungu ngonyaka 1872, emveni kwokugoduka kwenkosi enkulu yakwaZulu uMpande kaSenzangakona uZulu wabiza uHulumeni ukuba ayobeka inkosana yake uCetshwayo ebukosini buka yise bokupata uZulu. UHulumeni watuma uSomsewu kaSonzica oyena 'nduna enkulu yokupata abantu pansi kukaHulumeni. Wahamba-ke uSomtsewu kaSonzica waya kumisa uCetywayo, watata idhlanzana lamabuto amhlope lempelezela, kanye nabantu abatile bezinduna zake. Nembala wafika wambeka uCetywayo esikundhleni sika yise njengokufisa kukaZulu. Ute ebuya ngo 1873 abelungu base bexabene noLangalibalele kaMtimkulu inkosi yamaHlubi, ngenxa yokuba kutiwa abantu bake banqaba ukuyisa izibhamu ukuba ziyobhalwa enkantolo emTshezi (Estcourt) abasuke bebuya nazo bezitenge eDiamond lapo babesebenza kona. Abafana basemaHlutshini babevama ukutenga izibhamu ngenxa yokuba babe bake pansi kwoNdi, lapo kwakuvame ukuba amaBhusumane ehle ayokweba izinkomo zabantu. Okwakute ukufika kwake uLangalibalele esapuma kwelakwa Zulu kungati ngo 1848 wafike wabekwa kona ngumbuso wasesiLungwini ukuba abe amehlo hendhlela kaHulumeni yokuqapela laba bafokazana abapanga impahla yabantu. AmaHlubi asinikwa-ke isibhamu lesi ukuba sibe umkonto wokuxotsha bona abafo labo. Kwati-ke uba kunqamuke iDiamond, amanye amadodana kaSomtseu acela enkosini yamaHlubi ukuba atate abafana abatandayo ayekumba nabo idayimana. Bati-ke labo bafana basemaHlutshini abasebenzayo bavama ukutenga sona isibhamu ngemali abayitola lapo. Bafike qede emakaya kutiwe abaziyise enkantolo emTshezi kuNdabinesilevu (Mr. Macfarlane), inkosi eyabe ipete emTshezi ngaleyo nkati. Kwahamba kwahamba kunjalo amaHlubi aze akala, ati izibhamu zawo zifike zapulwe enkantolo kwenzelwe ukuba zingabe zisashaya kahle.

Isaqutshiwa.

Opendula uC. H. Cele.

(Ku Mhleli we "LANGA.")

Mngane,—Wena wangasenhla, wena okwati lapo obaba belibele ukuzingela amavondwe, wena wabe ulicita ulibangise pesheya uyofunda ukuhlakanipa, uyofuna lencwadikazi yako lapa bonke ababelibele amavondwe esebezotumela izindaba zabo. Po, nkosi yami angikulekeli luto ngicela ibalana kuvo lencwadi yako ebizwa ngokuti iLanga kengipendule uCele.

Wena wakiti wakwaCele, Ndosi, Kumbuza, Nkomo isengwa ilele—Ngiti kuwe Cele amazwi ako ayezwakala kodwa mina kangivamelani nawe. Uma ubungashongo ukuti ufuna impendulo epepeni bengizakupendula nje ngencwadi yeposi kodwa ngoba ufuna impendulo epepeni sengicelile kuMhleli ukuba angivumele wavuma. Ngizokutshelake Cele into ebanga uma ngiti angivamelani namazwi ako. Uyabona mahle aweCommittee amazwi ukuba amakosi abe namaKomiti nokuti nati sifanele sibe namaKomiti, kuhle loko. Nanka amazwi ako engiti akezwakali kahle kanti ukuluma kahle ngoba uyasipakamisa tina maNdosi; ukuti iwona afanele ukuketa uMongameli kodwa usuwona ngokuti noCongress akanakuyeka ukugaqela eziko ngoba upetwe onkonyane yetuka isisinga. Uyabonake Cele ongesiye owakwaCele uzoti, Onkonyane yetuka isisinga obani? Futi wena uti uMongameli ulula nje kwenziwa ngoba uketwa ngamabubulele ezikwata zihambile ziyosebenza amakosi ehlezi nababhincayo. Uyabonake abanye bazokubuza ukuti obani amabubulela ezikwata. Ake ngibuze Kumbuza. Kanti yena uMongameli akawatyeli yini amakosi uma esuka ezokuluma udaba lwesizwe? Mina ke Cele ngiti uma kuyokulunywa ndaba lwesizwe amakosi afanele kona ukuya emaDolobheni. Ngizoti ukulinganisela ngomuzi waseTekwini (Durban) uyawubona nanko ukuwona uzinqubu ezintatu ngoba eyesine ulwandhle (North, South, West) Kuye kube kuhle uma amakosi apuma enyakato neningizimu nasephla aye ndawonye ngoba futi kona lapo kukona abantu bawo bazoti kube kuhle kwakona lenhlangano ukuze sibone uMntwana wenkosi noma kufike amaDelegeti kube kuhle Futike Cele wakwetu wepuzile ukukuluma ngoba amabubulela ezikwata aseze aketa. Ca, naye okaMaqoqwana uti wobhasobha mfowabo ungazifaki emeveni akuhlabe, kanti naye okaMaqoqwana uti uyalitokozela eleCommittee namaDelegates. Uze ubhasobhe mfowetu izikwata zingalwi nawe. Asikufuni ukubizwa ngezikwata.

KU CALUZA.

Oka Maqoqwana uti nawe njalo mfo wakwa Caluza ufundekele ngale ndaba yako okaMaqoqwana uti uyobe wehlulekile uma amazwi ezimpaka zake eshaye pansi ngoba pela naye unezimpaka zake ezimlandela izindabe. zifike zam'yela ukuti zibone okaGqengeyeye wati, Hau anozeke nibuze lapo kokaMaqoqwana ukuti yena ngokwake utini uma ebona amazwi omfo wakwaCaluza. Kanti yena usekuluma kanje manje ngoba uMongameli engazi luto yini engenakuya ukuyobona uMntwana wenkosi amtyele zonke izindaba? Kanti sekuzosuka inkosi ihambe ikuluma ihlanganisa abantu loku kuhle uba inkosi ingazihambeli ibe nabatunywa bayo? OkaMaqoqwana uti wobhasobha ungatoli izincwadi ezikuluma nawe ezingama 20 noma 30 Usekufumela uMongameli usezotinike yena? Xola Mhleli.

Yimi,
PHILLIP B. CELE.

Germiston,
Transvaal.

Osabonga uMr. Fuze.

(Ku Mhleli we "Langa.")

Ngivumele ngiqube kancane. Yebo axoxe ubaba ati, Wo, he, lafa bantabe tu elihle kakulu. Uti, ababulala izwe izo izikulu. Uti ekubuyeni kwenkosi pesheya kwakiwake owasoNdini kanti izikulu lezi azisayifuni iNkosi. Nangu pela uZibhebhu kaMapita usehlapaza ubukosi bakwaZulu. Wenzenjalo nje uZibhebhu uCetywayo wala naye eti uMapita kuhle abulawe ngoba ukona umkuba aubona kuye. Wat'uCetywayo, Kwaliwa tina makosana ekumbula umbango wabo noMbuyazwe. Kulukuni ukwazi kwetu tina bamnyama ngoba sikuluma esingaku qondi. Uzwa abanye beti sekukuhle ngoba kubusa abelungu.

Kwake kwati ngafumana amazwi epepeni elalinyatelwa eDundee "Izwe lakiti" Uti omunye emhlanganweni wati omunye kwakuhamba amabuto lapaya namhla sekuhamba iVangeli, lapa ekomba kona enxiweni las'Ondini kepa aqondi noma wayeqondeni ngokusho njalo, Ngati lapa ngizoloba lendaba lafa ipepa. Sengibonga Mhleli ngoba uvumile ngilobe. Ngabe kuhle Fuze wenze ibhuku.

Yimi owenu otobileyo,
JEKONIAS SHANDU.

ABAZIYO.

Abantu abaziyo ungababona ngokusebenzisa uChamberlain, uma bepetwe izinhlungu emzimbeni nezilonda zokulinyazwa. Bapika bagomele uma bezwa ukuti ukona ofana nawo. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

(Ku Mhleli welakiti.)

Nkosi Mhleli,—Ngikulekela isikalana kwelodumo kengiponse abe mabili kulomnumzane wakwaNdosi kuleucwadi yake epume eLangeni lika28/3/19 lapo ekuluma nabafowabo evusa umuzi wakubo.

Yeboke Mr. Cele, wena uti nxa uvusa umuzi wakini kwaNdosi usuka uti noMongameli ulula nje ngoba uketwa amabubulele ezikwata. Ke Mr. Cele ake ungityele ukuti ukutini kona ukuti kubantu amabubulele? Wena Cele abautwona bamakosi nezikulu ubabiza ngamabubulele nezikwata? Uyabona Mr. Cele inhlamba lena oyikulumayo, ntuka amakosi nabanumzane nezipatimandhla ezipete wena. Wena uti noCongress lona ngaqela eziko ngoba upetwe onkonyane yetuka isisinga. Obanike obabiza ngezinkonyane laba? Ingani uMongameli waketwa zikulu nabanumzane namakosi?

Uyabona Mr. Cele uma uvusa indhlu yakini woyivusa nje kahle kodwa ungasibizi tina ngokuti siyizibubulele zezikwata, ungakupindi neze neze loko ngomuso, ngefunga umusi es'Ekukulumeni ukuba manje usibize ngezibubulele uti ke akuyekelwe nina bakwaCele niketele tina ngoba tina siyizibubulela? Uyabona Mr. Cele lento imbi. Kuhle ukuba lamazwi ako ka 28 3 19 uwahoxise uxolise ngoba utuka abanumzane nezikulu namaKosi uti azibubulela zezikwata abantu abafanele ukuba bakete umongameli inina bakwaCele kupela? Ngoba uti batule nje abanye laba bakini ngoba bezilima?

Xola Mhleli ngokwelula kwami ngenziwa ilomuntu.

Yimi,
SOLOMON M. J. KUZWAYO.
c/o T. W. Mc. Conagly
Box 143 Germiston.

Nawe Unje?

Inxa unozwela ungeze wazibona uma ungase wazipenyisisa. Unalo? Uhlonz' uku'welwa yikanda? Uyisikohlwa? Kuyakwahlula ukugxilisa inhliziyo yako emsebenzini? Uye uzwe ubutakataka ezingalweni nasezitweni futi ukatale ngeze? Inxa lokukulanda kufanelana nawe udinga umuti wamandhla ongena luto oludakisayo ngoba leyo yimikwazi yeNeurasthenia. Funa igabha lamaPink Pills kaDr. Williams esitolo esiseduze. Qala lomuti kona manje. Unga bona inxa ukusebenza kwokunika amandhla kwalamaPills kusiza ngoba uyoba nenhliziyo emhlope ekudhleni kuti okudhlayo kungasindi kube yinigaxa. Lapo igazi elinonileyo elibomvu selifinyelela kuwo wonke umzimba wako kuyonyamalala ukuzizwa ukatele udanje bese wazi ukuti udhla umuti okuyiwona wona.

Abanye abantu abanakugwema iNeurasthenia. Bazalwa betebele kuyo. Kodwa ngokwaka igazi ngamaPills ka Dr. Williams lokukutebela kunganqotshwa kupela.

Gximeka itemba lako kulomuti upeze ukuba yiloku unakana. Ama Pink Pills kaDr. Williams angatolakala kubo hoke omkemisi nabatengisi noma ngqo kwo Dr. Williams Medicine Co., Long Street, Cape Town ngo 3s. 3d. ngegabha lilinye noma abe isitupa ngo 18s. ungakokeli iposi.

Ezase Ipupuma M. S. Umsinga

Nkosi,— Ngicela isikalana "Langa elikanyisa izigodi ngezigodi" Ngomhla ka 5th no 6th kuApril lo besinelikulu isonto leSidhlo seNkosi. Besihanjelwe abaFundisi ababili base Goli uMfundisi Mvuyana benoMfundisi Ndwandwe beBandhla le"Africa" elitiwa "African Congregational Church." Bafike ngoMgqibelo ekuseni kute ntambama kwangena inkonzo yokubingelela. Izintshumayelo zadane zitiukunandiswa iChoir yabantwana baseCollessie epetwe intokazi uMiss L. A. Makaye. Ngokufutshane wababika uMfundisi F. G. Majola eBandhleni lake. Nabo emva kwake bazilanda ngokwabo belibingelela ibandhla ngamazwi amnandi kakulu.

Babeqala futi nabo ukulihambela leliBandhla lase Ipupuma ngopa lisanda kuzihlanganisa nabo ngobu Africa. Kute kusihlwa sebuya satola inkonzo namazwi amnandi kuMfundisi Mvuyana nasekuseni kusa ngeSonto kuMfundisi Ndwandwe.

Emini ngo 12 o'clock ngeSonto kwangena iNkonzo yeSidhlo seNkosi yapatwa abafundisi bobatatu encwadini ko Luka 8:26 to 29. Kwakungebantu labaya kwakumhlope zonke izindhlela. Kwapunywa lapo abaningi bahlakazeka, nezinceku zika Nkulunkulu zindululeke ngolweSibili ekuseni eIpupuma sezilibangise Emtshilingeni kwaRev. P. Masali kona ngaseLenge. Impela asisoze sakohlwa umsa wabo omkulu kaagaka abasenzele wona kule li lase Msinga.

Yimi owako,
P. M. S. KUMALO.

UMKUHLANE EBANTWANENI.

Nibayekelani abantwana benu uma bekwelwe umkuhlane, ngoba uma bengaba negabha lika Chamberlain lokuqeda ukukwehlela? Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Oluleka abaseRhodesia

KuMhleli "weLANGA."

Mngane,— Ngisize wena 'wodumo lwezwe.

Ngisuswa yindaba yabantu bakwaMzilikazi Bati baqala owabo uCongress obizwa ngokuti, Rhodesia National Congress.

Ngitike pela bakiti akungangamlomo ukuti Congress, kahle niqondisise njengamadoda ezinye izizwe, kubi ukuhlokoza inyoka ungasenakuyimela. Oyibo benu babe ngamaqawe. Azikohliwe izizwe ngu uMzilikazi. Abeko abantu abehlulwa yi to beyifuna ngamandhla Niyawabona amaqawe lapa kweleNyonyana asapela ngamanxeba. Ngiyatemba ukuti niyabazi ngeqiniso nezintandane zeAfrica. Futi ngiti kuhle nitenge ipepa labantu, ukuze nibonele okweuziwa izizwe ezipucukile. Lahlani isisila emahlatini. Ngingajabula uba nempela niqonde ukwenza umsebenzi ozakubonwa ngamehlo ezizwe. Ngitike uma sizwana kuhle indoda inye ikipe u£2. Soba siqalise kahle, velanike njengokusimema kwenu. Izizwe ziyazipandela. Niyizwile inkulumo kaMr Ngwenya waseSalisbury. Mina ngokwami ngiti kuhle aqinise. Sitembe bona oMr. Ngwenya nati lapa eJozi Pambili ke bakiti. Xola Baba ngokwelula kwami.

Owenu otobileyo
D. S. NKOSI

Ukuvakashela eMpolweni.

Ake ungivumele ngixoxe ngezase Mpolweni emzini kaMneli omdala engike ngavakashela kona ngamasonto adhlule ngiyobona amanxiwa kanye nezihlobo.

Ngifike kusenjalo njengoba ngashiya, naseSontweni kuhle impela sekwalu ngiswa. Kute uma sengilalele umpati wenkonzo ngezwa ukuti, qa uyasho l'opela lalipetwe umfo kaNyoni uMr. C. Mtyali. Leya ntshumayelo yake bahlabeka ngayo abaningi. Kute kuse njalo ngabonana noTisha wami uMr. J. Mapumulo saxoxa lo'pela umfo wendaba. Into enkulu engayifumana kona ngayihlaba iSonto labasha okuti wa baziketela ukuba libe kona. Lidu ma kabi futi liyasesa. Niyabona bantu boseMpolweni ihlazo leli elenzi wayo ukuba nitate abantu abangakwazi nempele ukushumayela niti abapate inkonzo. Kubi kabi kuti umuzi omdala kangaka ube nezinto ezisemuva kangaka. Kuhle ngoba kukona nabalifundayo ipepa kona, ngifisa ukululeka. Kunjalo njalo wonke uwonke ukwela pezulu uma eshumayela. Bekungenziwa loko kuqala. Sekuti nobani nje akwele pezulu lapaya. Kute kuse njalo ngaya kwaMrs. P. G. Ndimande ngiti ngiyo tsheleka lona ipepandaba leli ngoba sengizwa ngiliqalekela ngangingaqo ndile elisha kanti inkunzimalanga ewuMr. P. G. Ndimande yalishiya ekaya lipuma kona lifundwa inkosikazi yona inelinye ngoba pela iseduze kwalo eTekwini. Inkosikazi isalejwayela. Kuhle loko ukuba umuntu afundise abantwana bake into enhle kangaka. Ngabuye ngabanana noMiss B. M. Kambule intokazi epambili nezipete kahle yangixoxela ezimnandi ezimaqo ndana nempilo emhlabeni ngoba ibingu Teacher manje ibhasobhe iGirls Institution. Sengati bapatene kahle noMiss L. Taylor iLady Principal yakona. Nokoge Impolweni ngayifica isaqubeka kuzo zonke izinto.

Sengati kuyaqiniseka ukuti uMr. J. Mapumulo uyagcina ngalesikole. Asazi ukuti isikundhla sake sotatwa ngubani ngoba noRev. J. Scott sengati uti akasoze amfuna omunye uTeacher uyoze afunwe ngumfundisi ozayo yena uyofaka azobamba nje kuze kufike umfundisi ozayo.

MABHEKESHIYA.

ISAZISO.

Intlangano yonyaka we1919 uyakudibana eQueenstown, Cape Province ngolwesiBili 6th May, 1919 ngo9:30 a. m.

Ngendawo zokulala nokuhlala abaTunywa basize bazise umlungiseleli

uM. Pelem Esq.,
P. O. Box 46,
Queenstown, C. P.

Ngomyalelo.

S. M. Makgatho-President,
P. O. Box 70,
Pretoria.

I. Bud-Mbelle-General Secretary,
118 Anderson St.,
Johannesburg.

GCULISA ISISU SAKO.

Uma isisu sako singapili kahle, futi ungakawudhli okaChamberlain, usipete kahle. Uma sewahluleka ngemiti eminingi, akufanele ukulahla itemba, ngoba lamakambi kaChamberlain, asabatisa ukufa sekwehlule izinyanganyanga. Utengiswa yibo bonke abamaKemisi.

Ukudwetshwa okuvez' ingozi yokufa

YELAPA UMZIMBA OMUBI NGOKUKATA UZAM-BUK.

Uma umese ongcolileyo noma isipikili noma uvana lwenduku, noma iva liku hlabile esitupeni kuyavuvukala, ku gcwale izilwanyana esilondeni, bese ufaka umuti, uma ungasheshanga wa wufaka igazi liba libi.

Ukuvimbela loku, iqinga elihle, uku kata nZam-Buk masinyane, uma sewe uze nje uyakunqoba ukufa. UZam Buk maungahlanganiswa neminye imiti, ngoba wona wenziwa ngamakambi kupela, uyiqonela yonke imiti ngama ndhla awo ezilondeni nasemanxebeni.

UZam-Buk uyisihlangu nesipepelo, welapa isilonda usipilise, ukipe bonke ubuhlungu, nokushoshozela.

Ngalesisikati lapo izinyanga ezika nyisiweyo zimbalwa, uZam-Buk udi ngeka impela. Hlalani ninoZam-Buk bakiti.

Amandhla okuvikela nokwelapa ku keZam Buk kuhle uma usekaya noma usebenza. Wehlula unqobe lezizifo:- Izilonda zokakayi, izinduna, umzimb' omubi, umbandama, nezokusikwa, nezokushiswa umlilo, namanxeba, nezi fo ngezifo. UZam Buk ungetembela kuwo wodwa nje ngoba wenziwe ngamakambi.

Ungaufaki umuti omunye, neminye abati ingalingana noZam-Buk eyenziwa ngamafuta, nezinyamazane, etengiswa kalula engabiziyo. Bautengisa inxa zonke emaKemisi nasezitolo.



Ofakaza ngemiti kaLacombe

Frank L. Dawber Esq.
West Street,
Durban.

Mngane,

Ndiyatokoza kakulu ngeye za likaMr. F. L. Dawber elindivuse bendi ngasacingi wati ukuze ndilipuze ngetemba. Ndite ndakulifumaua nda lifunda igabha lati uze undipuze ngete mba lokutemba uTixo. Ndazifumana ndipilile kwangoko namandhla amakulu ngokutemba uBawo osemazulwini ndi puze igabha linye ndapila.

Ndiyamcela uMr. F. L. Dawber uku ba lamazwana am awabeke epepeni beve bonke abafuna ukupiliswa. Ya nga iNkosi yamaZulu ingapezu kwako. Liti ilizwi, "Cela ngetemba uyakufu mana, funa ngetemba uyakupiwa." Ucebano nofefe lwanga lunga pezu kwako ukuze amandhla akupe uTixo ukuze uti yakufika imini yompelo wako uvuke kwabafileyo.

Ndimi,
WILSON G. BANA.

Wilfred Hope,
East Port,
Siding.

Opendula uRev. E. L. Mkize.

(KuMhlelwe "Langa)

Ngicela indawana epepeni lako elidumileyo kengipendule uRev. E. L. Mkize kulendaba yake engiyibone ezinhlelini zepepa likaMarch 21st ngendaba yabafundisi bakubo abalobelayo. Ngi yakupikisa Mkize nxa ukuluma lenda ba. Musa ukuti ngomqondo. Umqo ndo lo sazalwa nawo safundiswa obabo betu kodwa shono ngoMoya oyingcwele nxa ufuna ububandhla munye ngoka Kristu, funa ngaye uMoya oyingcwele beka pansi umqondo. Kade wakolwa nguKristu kanti usamazi ngomqondo na? Ake ufunde lapo, I Kor. 12:3; Joh. 16:13. Lendaba ayinakulunga ngoku hlakanishelwa kokwazi ngapandhle ko kukuleka nokuzila ukudhla kuze kupu me umbuso womhlaba. Funda lapo futi, Izenzo 2:1, 2 ngoba abaningi bafu na inkolo elanda izwe lakubo laoTshaka kaSenzangakona, kanti nga befuna umbuso kaNkulunkulu weZulu kuqala yikona konke kokwenezelwa bona, Matt. 6:33, ngokuba nxa kungaqondwa nakona lapo eBloemfontein kungahanje lwa ize. Abantu abaningi bati, Yima lapo ukona besho bengaboni luto ngo Jesu owasho loko kubafundi bake, Sebetole isiga sakwaZulu.

Yimi,
(Rev.) L. M. NKOSI.

Kruisfontein,
Upper Tongaat

Isaziso seKonsati eJohannesbuag.

NgoMgqibelo, May 31 izinsizwa nezintombi ziyoshaya isicatulo ngezinkam ezimbi. Izintombi ziyoposa namaSolos amnandi. Lihlehlisiwe ku April 19. Emnyango, abalisa 2s abesifazana 1s.

A. S. SIBIYA.

422, Marshall St.,
Johannesburg.

Ezase Weenen

Ngomhla ka 6th April lapa eSontweni laseChurch bekulusuku olunomkosi kufike uBishopo uRoach ezoqinisa abantu, abangu 51 ibibutene ihlanze kumfo wakwa Bhengu uRev. Washumayela noBishopo ngemizekeliso yake esobala nje, ngobuningi babo uze wabaqinisa emi. Nesikole sabantwana sisaqubeka kahle kuTeacher wetu omutsha ka Mtembu waseNewcastle.

Izilwane lezi eziyisitshayo seliziva zisate nya kuleli, libalele nje ngangoba indhlala iyesabeka, noko ingcosane yotola embileni kwelenyuse uMgwenya.

Nezika Natal N. Congress siyazizwe, nokuwela kwamanxusa. Po, kulusizi nje akuko situnywa sikaCongress esingatika lapa sizovuselela imiqondo eminingi ep mbanisekile. Umbango lowo wabapati bakaCongress abadala, noko mhlaumbe namhla sekokwelapeka. Sengati ke kungeza ozovuselela, acele namakosi onke alapa awabute ngomhlangano, awacasisele ngako konke loku osekumi siwe.

Elokeshini emaCunwini bekufanele ke kutatelwe kuloludabazi olunje olupe te tina sonke, kusuke isitunywa siye kulo sibute nomhlangano njalo, seneka nendaba leyo ukuba ilowo azikulumele nje, akusizi luto kudingeka oyisitunywa.

Ovumela uMnganga.

Ku "Mhleli weLanga laseNatal"

Mhleli welingenalifu ngicela ibalana kweli lako elidumile, kengisekele amazwi engawafumanisa kwelidhlule iLanga ekulunywa ngumfo kaMunganga lapa eti abantu banamhlanje abasa kusabi ukwona sebegcwele ubumeli nomtakati usekuluma kumuntu obala ati, Uze uqine; azibabaze ngobubi anabo. Mina ngimalunga naleli eliti abantu banamhlanje sebegcwele ubumeli. Lamazwi kaMunganga angikumbuze ngendaba esandu kwehla ngapa kuti eEast Griqualand kwelaseKoloni. Kwa mangalelana abafo bakaSijulu umzukulwane wake bobanga engaseko Lelicala lakwaSijula likuwo kanye amagama atshiwo uMr. E Mungangi eti abantu banamhlanje bangakudhla impahla yako njengoba naku setenje. Ke naku leli yiso sona leso. Laba abantu bamangalela umntwana wabo ngabo ubuqinga bobumeli. Mhleli ngizake ngiqale nginizekele ukuqala kwalo lelicala. Njengoba lidal liliwe lide lapela ngalo nyaka opelile, kwati nezinkomo zatatwa ngoMessrs Strachan & Co. Ltd ngecala lomfo kaSijulu, uStrachan ekohliswa yibo abafo bakaSijulu beti zezake lo oncela wade umzukulwane wabapikisa lade icala laya kubameli, langena ezinkantolo

Lati enkantolo lamvume'a uMessrs. Strachan; ke lapo walidhlulisa umzukulwana laya eSupreme Court eCape Town lafike lamgwebela uMzukulwane, Ke kuhlale iminyakana engingazi noba mibili balivusa abafo baka Sijulu langena enkantolo yakona okwati lisepamsi kweMantshi baxabana kwangalo loncala lelo kuxabana bona abafo bakaSijulu noMzukulwana, wade uMzukulwane wabotshwa engiteta nje esejele. lasale limile elenkomo belu. Aike njengoba waye nommeli lafiwa noba esejele wade wakupnka weza ecaleni enkantolo ke njengoba simazi ukuti yinkwenkwe eyelusa malunga nendaba ezinje wafike wali pekula beno mmeli wake, kwati loko kade kukubi ngakuye kwabonakala ukuti ukuko lumuka no moya libi kuboyise. Ayike wabuye wahamba lingapelile, lasala lapela ngemva ukuba ahambe lamgwebele uMzukulwane. Noko uyisekazi lowo wabuya nantatu nendhleko, wala uMmeli womzukulwane wabalela yena konapo ejele naye wala ladhlula laya kwenkulu inkantolo lapoke lafike lamgwebela uMzukulwane, nendhleko; Naboke ubuqili babantu banamhlanje ngoba laba bafo baka Sijulu akuko nesisusa esenza ukuba lezi nkomo bazi bange, buqili babantu bangoku, noko uTixo wenkanyiso wakanyisa ubuqili basobala esitemba ukuba nalobu boku mbopa bulindelwe ukuba bupunyelwe lilanga ngomso. Nabo ubuqili babantu bangoku. Tetelela Mhleli ngokwelula.

Yimina,
J. J. DHLAMINI.

Obuza uMr. B. Bhensela.

Ku Mhleli "weLANGA."

Ngisapinda Nkosi yami ungadinwa yimi ngokubhalela futi kwami.

Ngisuswa amazwi kaMr. B. Bhensela. Yebo Mr. Bhensela ngiyeswa uma usho ngazo zonke izindhlela ozikomba yo, kepa au mfowstu ngiyababaza ukuti ungaze uhlale inyanga ezintatu ungamuzwa umkako. Waungasabhale ngani ekaya kini usuze ubhalele uti dewenu nje ipasi (pass) walitolapo elokuhamba njengoba waungeko ekaya? Uma usufumanile ukuti aseko ekaya waya eNkantolo yalapo ukona ukuba ikufunele umkako nengane yako? Ka uma ngilahlekelwe ngimeiwe nanfana yonke indawo. Ake ngime lapo. Ngiti nabanye bazobona njengani.

C. M. NTIMKULU.

Ladysmith.

Izwi kuManxusa

UTINI LO?

Ki ina na Nxusa eNatal, Nizake, nenzenjeke. [illegible] eNosi uKing; niti sti akenze ngenso kanepalishi [illegible] nje. Ngiphela wonke uZulu [illegible] Ngoni abamncne; ngati nje [illegible] Mseze abaye ngalo [illegible] Mhleli ngiti da [illegible] kwawo [illegible] Ngimentela lapa [illegible] N. N. C ng size [illegible] awatumele [illegible] paxabula [illegible] ngenjeke [illegible] ukuba musani ukupakula kulewu.

Zineng izinto engitanda ukunilungisela katesi, Pela yimi owatumela isequ lenxusa ukuyotulisa kuloMhlangano obukona eTowa. Nokutula yini njalo. Manje ngibulela nya! wona ngapasina enu lapa eGoli. Pela oMafukuzela, nolisinemva, amazwi abo ahlala njalo nje ezinhliziyweni zabantu nokaketwa mihlangano yonke nje: niti babodwanaje? Nibabuze ukuti abangazi yini na? Noma yiPartheing kipani nina niyebayelwa njengani. Engenza ubuhle ngelinye ilanga kwati ngalinye ngabuye wa ngoba ngangenze ubuhle kumfelokazi ngabuyiselwa kuhle kopokwe mininye. Nize ke, nenzenjalo ke, ningalingisi awese Transvaal amaNxusa engati manxatshwa ngiti awawele "nabulozi" ukuze bawakipele zonke intsila nendwangu zeza esotatelwa ngazo ngabelunga ati. Qa! tina singabase Church of Brazil. Asisakupati loko kwaseBheshuland.

Ngiyema lapo kodwa ngdiajwe ngeba pela niyazi nani eMaritzburg kukude lapo bengiyosebenza kona umhlangano kaCongress.

Yimi ozaudumu ebumnyameni nangentelelo.

Wm. MKASIBE.

(Ku Mhleli we "Langa.")

Ake uvume ukosi yami nom nginze bani, ngipase izwi mayelsna nokuda tshelwa kwamaReserve namaLocation. Ngizobhekisa kwabise Umzumbe M. S (kiti). Banumzane abatandekay Kambe [illegible] ngabe anifisi yini ukoxoba nibe nezizwi wo zenu (umhlaba?) Bekunani nicela kuHulumeni anenzele uReserve? Amuko pela manje. Uma niti animfuni uReserve, ngani? Lapa eSilungwini izinto zitolwa ngokucelwa. Nitini zigciti zakiti? Ngisho kinina zifuni swa. Nazo izifundiswa zase Fafa zipumelele manje. Kambe bafu [illegible] nje akuziyo impumelelo yokuce la? Nanka amaqaba ati wona akafuni kuhlutshulwe, naye neNkosi uMpati Nkuba Zabantu eti abangafu ni akuzudatshulwa kubona. Mhleli [illegible] fundi baso. Mina ngiti ukuze [illegible] ngamakolwa soba yiwo kahle [illegible] sisebenza pezu kwezindawo [illegible] kupele ukubanga imi [illegible] Baningi abantu [illegible] eti lomhlaba okababa. Kuhle usumzane nicabange lendaba nenzele abantwana benu ifa (Umhlaba.)

Yimi,
F. MSIMANGO.

Oti mabenze iBhuku.

Ngicela isikalana baba wami, ngiyavama njalo ukubona izincwadi zika Rev. Father B. Huss ezimaqondana nokulima. Umuntu ovama ukuzifunda uma esebenzisa umqondo wazo angingabazi ukuti angapumelela. Angazi ukuti kunjani uRev. Father B. Huss angazenz'ibhuku ukuze indhlela yazo ingakohlakali ngoba epepeni lapa siluye sikohlwe uma selidabukile. Siyamcela uFather B. Huss acabange ngaleyo ndhlela. Lomqondo wake sengati ungeconse pansi. Silindele impendulo yake ukuba amaBhuku angewenze yini.

Futi noMr. F. M. Cele sengike ngabona incwadi yake kuMr. A. J. Mkize ibizwa ngokuti "Incwadi yokuhlangana kwamaBandhla." Angazi noba ngiyaposisa yini noba kunjalo. UMhleli wayo uMr. J. R. Caluza, Kuhle kabi ukubona abantu bakiti sebe ngabaCindezeli. Mina ngiysbacela labanumzane oMessrs. F. M. Cele noJ. R. Caluza ukuba bangezitate yini lezindaba zika M. M. Fuze zokucaza izinhlobo zonke zabantu nezakwaZulu ukuba bangezicindezele yini zibe nga mabhuku zitengwe? Mina ngihaukela lomqondo kababa lona uFuze ukuba uzogqibeka pansi njengoDinya Sishi nje, kanti ngokuhle kukona izincwadi zabo [illegible] ngazo sonke zinga [illegible] impendulo kulaba'banumzane ukuba bangakulungisa yini loko bacele ukuze akalungisele bazicindezele basitengisele. Sotokoza ukutola impendulo.

Yimi,
J. M. MCUNU.